



Find more tips on reading with children of different ages at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or send us your tried-and-tested tips for getting children engaged in books and stories. We'd love to hear from you so email your ideas to [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) or post them on our wall at [www.facebook.com/nalibalireadingclubs!](https://www.facebook.com/nalibalireadingclubs/)

## Ukwenza okuningi ngesikhathi eninaso!

**Ngabe uyakuthanda ukufunda nezingane zakho bese wenza isiqiniseko sokuthi zisizakala ngokuningi ngendlela okungakwazi ukwenzeka ngayo ngokuchitha isikhathi sabo ngale ndlela? Nanka amanye amasu ezinto ezingenziwa ezigxilisa zelule okuthola ezincwadini enizifunda ndawonye. Amanye amasu alungele yonke iminyaka yobudala, kanti amanye alungele izingane ezindadlana – khetha lawo ocabanga ukuthi angcono ezinganeni zakho.**

### Ngaphambi kwalokho

- Chithani isikhathi esithile nibheka ulwazi kanye nemidwebo noma isithombe esisekhaveni engaphambili yencwadi. Cela izingane zakho ukuthi zisho noma ziqagele ukuthi incwadi imayelana nani. (Ungaphinda ubheke lokhu ngemuva kokufunda incwadi ngokucela izingane zakho ukuthi zicabange ngokuthi bekusondele kangakanani ezikuqagelile kulokho okwenzekile!) Ezinganeni ezindala kungenzeka ukuthi ufune ukufunda okunitshela ngencwadi okusekhaveni engemuva. Le misebenzi isiza izingane ukuthi zifunde ukuthi zingayithola kanjani iminingwane ehlinzekwe ekhaveni yencwadi kanye nokuthi ngabe ziyafuna ukuyifunda noma cha.

### Ngaphambi kwalokho

- Ngesikhathi ufunda, siza ukuthuthukisa amakhono ezingane zakho okuqagela okuzokwenzeka ngokubuzwa ukuthi, 'nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?'.
  - Cela izingane zakho ukuthi ziphawule ngemidwebo noma ukuthi zithole abantu abathile noma izinto ezithile ezithombeni.
  - Uma izingane sezivele zikwazi ukufunda, shintshanani ngokufunda izingxenye ezahlukene zendaba. Gqogquzela izingane ezisencane ukuthi zihlanganyele ekwenzeni sengathi zifunda (noma ziphinda) izingxenye zezindaba ezizazi kahle.

Thola amanye amasu okufunda nezingane zeminyaka yobudala eyahlukene ku- [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma usithumelele amasu owazamile asebenzayo okwenza izingane zizibandakanye ezincwadini nasezindabeni. Singathanda ukuzwa ukuthi uthini, ngakho sithumelele i-imeyli yamasu akho ku- [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) noma uzibhale kwi-wall yethu ku- [www.facebook.com/nalibalireadingclubs!](https://www.facebook.com/nalibalireadingclubs/)

### Ngemuva kwalokho

- Nezingane ezincane culani iculo noma nisho umlolezelo oxhumene nengqikithi yendaba.
- Cela izingane ezindala ukuthi zisho ukuthi yini eziyithandile ngencwadi, nokuthi ngabe kukhona yini ezifisa sengathi ngabe bekwehlukile.
- Izingane ezindala ziyakuthokozela ukuthola kabanzi ngombhali noma ukuthi yenzeke kuphi indaba. Uma kungenzeka, zivumele ukuthi zibheke kwi-Inthanethi noma ezincwadini ezikhuluma ngezindaba ezingamaqiniso ukuze zithole lolu lwazi.
- Cela izingane ezincane ukuthi zidwebe izithombe zengxenye yendaba eziyithande kakhulu. Gqogquzela izingane ezindala ukuthi zidwebe ibalazwe lokuthi yenzeke kuphi indaba.

## Making the most of it!

**Do you enjoy reading with your children and want to make sure that they benefit as much as possible from spending time in this way? Here are some ideas for activities that deepen and extend the experience of the books you read together. Some of the ideas are suitable for all ages while some are better suited to older children – choose the ones that you think are best for your children.**

### Before

- Spend some time looking at the information and illustration or photograph on the front cover of the book. Ask your children to use these to predict or guess what the book is about. (You can follow this up after reading the book by asking your children to think about how accurate their predictions were!) With older children, you might also want to read the blurb on the back cover. These activities help children learn that they can use the information provided on a book's cover to decide whether they want to read it or not.

### During

- As you read, help develop your children's prediction skills by asking, 'What do you think will happen next?'.
  - Ask your children to comment on the illustrations or to find particular people or objects in the pictures.
  - If your children can already read, take turns in reading different parts of the story. Encourage younger children to join in with pretend reading (or reciting) parts of stories that they know well.


### After

- With younger children, sing a song or say a rhyme linked to the content of the story.
- Ask older children what they liked about the book and if there is anything they wished was different.
- Older children often enjoy finding out more about the author or where the story is set. If possible, let them search on the Internet or in non-fiction books for this information.
- Invite younger children to draw a picture of the part of the story that they liked best. Encourage older children to draw a map of where the story is set.
- Set aside a special time each day when you can enjoy books together. Choose books that you like as well as ones you think will be of special interest to your children. And, of course, also make time to read the stories that your children choose themselves.



Noodle

Help your child be a somebody. It starts with a story...  
Siza ingane yakho ukuthi ikhule ibe ngumuntu obalulekile.  
Kuqala ngendaba exoxwayo...



To the Nal'ibali Editor

I am a trustee of a centre for abused children. We have a safe house in which children live until they can safely return home and we also have an after-school programme for 60 children. We get donations of books but they are all in English and most of our children are not strong enough in English to enjoy reading them. The Nal'ibali supplement is a great idea and I am anxious to use it to encourage the children to use the time with us to develop good reading habits. Is it possible to have copies of your supplement sent to our home on a weekly basis? If so, we could definitely make good use of 20 or more copies each week.

Regards  
Hazel Black

Dear Nal'ibali...  
Nal'ibali othandekayo...

Write to  
Nal'ibali at PO Box  
1654, Saxonwold, 2132 or  
letters@nalibali.org  
Bhalela ku-Nal'ibali e: PO Box  
1654, Saxonwold, 2132 noma  
letters@nalibali.org

Dear Ms Black

The Nal'ibali reading-for-enjoyment supplement can be found in different language combinations in different Avusa titles. In 2012 it will appear in isiZulu and English in *The Times* (KwaZulu-Natal and Gauteng) on a Wednesday. You can find it in isiXhosa and English in *The Times* in the Western Cape (on a Wednesday) and in *The Herald* (on a Thursday) and *Daily Dispatch* (on a Tuesday).

We'd love to be able to send you free copies of the Nal'ibali supplement! To qualify to have batches of supplements delivered

to your school, reading club or community-based organisation, you must be located in the Eastern Cape, Western Cape, Gauteng or KwaZulu-Natal. Please email [supplements@nalibali.org](mailto:supplements@nalibali.org) and an Avusa representative will contact you to arrange delivery, if you qualify. You can find more information about the supplements and download past editions at [www.nalibali.org/supplements](http://www.nalibali.org/supplements)

We hope the children will enjoy reading the stories and that there will be adults who can do the activities with them.

The Editor

Mhleli wakwaNal'ibali

Ngingumphatheli oqokiwe wesikhungo sezingane ezihlukunyeziwe. Sinekhaya lokugcina izingane ziphephile kuze kube yisikhathi lapho zikwazi khona ukubuyela emakhaya ngokuphepha, futhi sinohlelo lokugcina izingane ezingama-60 ngemuva kokuphuma kwesikole. Sithola iminikelo yezincwadi kodwa zonke zingezisiNgisi, futhi iningi lezingane zethu azisazi kahle isiNgisi ukuze zikwazi ukuthokozela ukuzifunda. Izithasiselo zeNal'ibali ziyisu elihle kakhulu, futhi sengilangazelela ukuzisebenzisela ukugquguzela izingane ukuthi zizisebenzise esikhathini ezisichitha nathi ukuthuthukisa imikhuba emihle yokufunda. Ngabe singakwazi yini ukuthola izithasiselo zenu ngokuthunyelelwa zona ekhaya lethu masonto onke? Uma kungenzeka singawasebenzisa kahle amakhophi angama-20 noma ngaphezulu isonto ngalinye.

Ozithobayo  
UHazel Black



Nk. Black Othandekayo

Izithasiselo zokufundela ukuzithokozisa zakwaNal'ibali zingatholakala ngezilimi ezimbili ezahlukeni ngezincwadi zakwa-Avusa ezahlukeni. Ngowezi-2012 zizophuma ngesiZulu nesiNgisi kwi-*The Times* (KwaZulu-Natali naseGauteng) ngoLwesithathu. Ungazithola ngesiXhosa nesiNgisi kwi-*The Times* eNtshonalanga Kapa (ngoLwesithathu) nakwi-*The Herald* (ngoLwesine) nakwi-*Daily Dispatch* (ngolwesibili).

Siyathanda ukukuthumelela amakhophi amahhala ezithasiselo zeNal'ibali! Ukuze ukwazi ukuthola izithasiselo eziningi ezithunyelwa esikoleni sakho, ethimbeni lakho lokufunda noma esikhungweni

esisebenzela umphakathi kumele ube seMpumalanga Kapa, eNtshonalanga Kapa, eGauteng noma KwaZulu-Natali. Sicela uthumele i-imeyli ku-[supplements@nalibali.org](mailto:supplements@nalibali.org) uzobe usuthintwa ngomele i-Avusa ukuze nihlele ukulethelwa izithasiselo, uma wena utholakele ukufanele lokhu. Ungathola neminye imininigwane mayelana nezithasiselo futhi ungathwebula okushicilelwe kwesikhathi esedlule ku-[www.nalibali.org/supplements/](http://www.nalibali.org/supplements/)

Siyethemba ukuthi izingane zizokuthokozela ukufunda izindaba nokuthi kuzoba khona abantu abadala abazokwenza imisebenzi nazo.

UMhleli

Sign up with the Nal'ibali network to receive monthly e-newsletters, access giveaways and to show your support for using the power of stories to inspire children to want to read and write. Simply go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and register with us – it's that easy!



Bhalisa ohlelweni lweNal'ibali ukuze uthole izincwajana zezindaba zanyanga zonke zamalungu ngensiza yekhompuyutha, uthole nemititilizo kanye nokuthi ukhombise ukuxhasa kwakho ukusetshenziswa kwamandla ezindaba ukuze kugquguzelwe izingane ukuthi zifune ukufunda kanye nokubhala. Vele uye ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) bese ubhalisa kithina - kulula kanjalo nje!

### Create your own mini-book Zenzele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
  2. Fold it in half along the black dotted line.
  3. Fold it in half again.
  4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
  2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
  3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
  4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



## Get story active!

After you and your children have read *The Zebra and the Hyena*, try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- Talk about the story with your children. Do they think the zebra or hyena was the cleverest and why? What do you think Hyena said as he pulled out the thorns at the end of the story?
- Ask your children to draw a picture of their favourite part of the story.

### If you have 30 minutes...

- Play a game with your children. One of you turns around and closes your eyes. The others try to creep up like the hyena did on Zebra without being heard or getting caught. Take turns being the hyena.
- Encourage your children to think of words that start with each letter in the word 'hyena' and that describe the hyena in the story. For example: h – hairy. Suggest that older children write down the words. Help younger children by writing down the words they suggest.

### If you have one hour...

- The technique that the artist has used in the pictures is paper collage. Talk about this with your children: can they see the edges of the paper? Collect different coloured paper or use colourful pages from old magazines. Encourage your children to create their own pictures using these. Display them on the fridge or their bedroom walls.
- Let older children research interesting facts about zebras and hyenas. They could create a general knowledge quiz on these animals for the rest of the family.
- Encourage your children to write their own story about either the zebra or the hyena. They might also want to include other characters of their own. Help younger children with their stories by writing the words they tell you for each picture they draw. Let older children try writing their stories on their own.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *IDube neMpisi*, zamani eminye yalawa masu.

### Uma ninemizuzu eyi-10...

- Khulumani ngendaba nezingane zakho. Ngabe zicabanga ukuthi yidube noma yimpisi ebhlabani phe kakhulu, futhi kungani? Ngabe nicabanga ukuthi yayithini impisi ngesikhathi izikhipha ameva ekupheleni kwendaba?
- Cela izingane zakho ukuthi zidwebwe isithombe sengxenye yendaba eziyithandle.

### Uma ninemizuzu engama-30...

- Dlalani umdlalo nezingane zakho. Omunye wenu afulathele bese evala amehlo. Abanye bazama ukucathama njengoba iMpisi yenza eDubeni ngaphandle kokuzwakala noma ukubanjwa. Shintshanani ngokuba yizimpisi.
- Gqugquzela izingane zakho ukuthi zicabange amagama aqala ngohlamvu lwegama elithi 'impisi' ngalunye, bese zichaza impisi endabeni. Isibonelo: i – inkulu. Yenza isiphakamiso sokuthi izingane ezindadlana zibhale amagama. Siza izingane ezincane ngokuthi ubhale amagama eziwaphakamisayo.

### Uma unehora...

- Indlela esetshenziswe ngabadwebi ezithombeni yi-collage yeziithombe. Xoxani ngalokhu nezingane zakho: ngabe ziyalubona unqenqema lwephepha? Qoqani amaphepha ayimibala eyahlukene noma nisebenzise amakhasi anemibala amaphephabhuku amadala. Gqugquzela izingane zakho ukuthi zenze izithombe zazo zisebenzisa lokhu. Kuphanyeke efrijini noma ezindongeni zasemakameleni azo.
- Vumela izingane ezindala ukuthi zibheke izinto ezingamaqiniso mayelana namadube nezimpisi. Zingenzela umndeni wonke iziphicwano zokubuzana imibuzo ngolwazi olwejwayelekile ngalezi zilwane.
- Gqugquzela izingane zakho ukuthi zibhale indaba ngokukodwa okungaba idube noma impisi. Kungenzeka futhi ukuthi zifune ukufaka abanye abalingiswa bazo. Siza izingane ezisencane ngezindaba zazo ngokubhala amagama ezikutshela wona esithombe ngasinye ezisidwebayo. Vumela izingane ezindala ukuthi zizame ukuzibhalela izindaba ngokwazo.

## Meet the Nal'ibali characters

### Afrika

Afrika is 7 years old. He lives with his mom in a rural area that is about five hours' drive from the neighbourhood where his cousins, Neo and Mbali, live. They often visit each other during the school holidays. Afrika speaks Sesotho and English and is learning isiXhosa. He loves anything to do with science and inventions and he has already built his own model aeroplane using ice-cream sticks! Can you guess what Afrika's favourite books are? That's right, he likes 'how-to' books and books with lots of interesting facts in them. Usually, his mom reads to him but he has also started to read some books by himself. The first book he read on his own was one about his favourite snack: watermelon!

## Sinethulela abalingiswa bakwaNal'ibali

### Afrika

U-Afrika uneminyaka eyi-7. Uhlala nomama wakhe endaweni yasemakhaya esebangeni elingathatha amahora amahlanu ngemoto ukusuka lapho kuhlala khona abazala bakhe oNeo noMbali. Bajwayele ukuvakashelana ngesikhathi samaholide esikole. U-Afrika ukhuluma isiSotho nesiNgesi futhi ufunda isiXhosa. Uthanda yonke into ephathelene nesayensi nokuqhamuka nezinto ezintsha futhi usezakhele indiza yakhe encane esebenzisa izinti zika-ice cream! Ngabe ungaqagela ukuthi yiziphi izincwadi azithandayo u-Afrika? Kunjalo, uthanda izincwadi ezimayelana nokuthi 'ungakwenza kanjani' nezincwadi ezinezinto eziningi ezingamaqiniso ezihlaba umxhwele. Umama wakhe ujwayele ukumfundela kodwa useqalile ukuzifundela ezinye izincwadi yedwa. Incwadi yokuqala azifundele yona yedwa yayimayelana nokudliwayo akuthandayo: ikhabe!



Stop!

If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.



Yima!

Uma ungeke usisebenzise lesi sithasiselo sicela usinikeze umuntu ozosisebenzisa. Sihambise esikoleni, esikhungweni somphakathi, kumtapowolwazi noma kumuntu omaziyo.

## Story corner

Here is the second part of the story about Feleng and her brothers and sisters.

### Feleng learns to read (Part 2) by Joanne Bloch

That night, when the little fishmoths were cuddling up to their mother in the crack in the wall, Feleng started to speak. 'I know what you want!' said Mama Fishmoth. She was in a good mood after her peaceful day alone at home. 'You want me to tell you a story.'



Illustrations by Maja Sereda  
Imidwebo yenziwe uMaja Sereda

Feleng grinned. 'Not tonight,' he said. 'Fifi, tell Mama what I did today.'

When Mama Fishmoth heard how Feleng had moved along the squiggles in the book while the other children were eating, his mother was a bit worried. 'What were you doing, Feleng?' she asked. 'All children need to eat, you know.'

'I can eat tomorrow,' said Feleng. 'Today I did something even better – I learnt how to read!' Then he explained how he had looked from the black marks on the page to the pictures. 'I realised they were telling me something,' he said. 'After some time, I started to understand what the squiggles meant ... they are letters, and letters make words. And words make sentences, and sentences make stories. So tonight, you can rest, Mama – tonight it's my turn to tell YOU a story!'

With that, Feleng told his mother and brothers and sisters a story about a human child who went down to the river and met a crocodile. 'What's a river? What's a crocodile?' shouted the little fishmoths.

'I don't know,' laughed Feleng, 'I'll have to find out tomorrow. But the picture showed a huge, scary creature with a very big mouth.'

'Like a human!' said Mama with a shudder, and all the fishmoth children shivered and moaned and twitched their feelers ... That meant it was time for bed.

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba ethi uFeleng nabafowabo nodadewabo.

### UFeleng ufunda ukufunda (Ingxenye yesi-2) nguJoanne Bloch

Ngalobo busuku, ngesikhathi imivunya yezincwadi emincane igone kumama wayo emfantwini wodonga, uFeleng waqala ukukhuluma: 'Ngiyazi ukuthi ufunani!' kusho uMama uMvunya. Wayethokozile ngemuva kosuku lwakhe lokuthula eyedwa ekhaya. 'Ufuna ngikuxoxele indaba.'

UFeleng wasineka: 'Hhayi ngalobu busuku,' kusho yena. 'Fifi, tshela uMama ukuthi ngenzeni namhlanje.'

UMama uMvunya esezwile ukuthi uFeleng uwulandele kanjani umbhalo osencwadini ngesikhathi ezinye izingane zidla, waqala ukukhathazeka kancane. 'Bewenzani Feleng?' kubuza yena. 'Zonke izingane zidinga ukudla, uyazi nawe.'

'Ngingadla kusasa,' kusho uFeleng. 'Namhlanje ngenze into engcono kakhulu – ngifunde ukufunda!' Wabe esechaza ukuthi ubewubuka kanjani umbhalo omnyama emakhasini nezithombe. 'Ngithole ukuthi bewungitshela okuthile,' kusho yena. 'Ngemuva kwesikhathi ngiqale ukuqonda ukuthi imibhalo ibichaza ukuthini ... yizinhlamvu zamagama, kanti izinhlamvu zamagama zenza amagama. Amagama wona akha imisho, bese imisho yenza izindaba. Ngakho ungaphumula namhlanje, Mama – namhlanje ebusuku yithuba lami LOKUKUXOXELA indaba!'

Ngakho uFeleng waxoxela umama wakhe nabafowabo nodadewabo indaba yengane yomuntu eyaya emfuleni yahlangana nengwenya. 'Yini umfula? Yini ingwenya?' kumemeza imivunya emincane.

'Angazi,' kuhleka uFeleng, 'kuzomele ngithole kabanzi ngalokhu kusasa. Kodwa isithombe sikhombise isilwane esikhulu, esesabekayo esinomlomo omkhulu kakhulu.'

'Njengabantu!' kusho uMama ngokuthuthumela. Zaqhaq hazela zakhala zonke izingane zemivunya, kwavevezela nezimpondo zazo ... Lokhu kwakusho ukuthi kwase kuyisikhathi sokulala.



### In your next Nal'ibali supplement:

- **Suggestions for International Literacy Day**
- **Story stars: a community project that is working to grow adult and child readers**
- **Mini-book, *Mama Mabena's magic***
- **A read-aloud story, *The colour of love***

Need more resources? Nal'ibali is here to help! Visit the resource section on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) for posters, bookmarks, checklists and tip sheets in English, isiXhosa, isiZulu and Afrikaans! You can also find us on Facebook.

Which is your favourite part of the supplement? Tell us on Twitter using the hashtag #nalibali  
Iyiphi ingxenye oyithandayo kulesi sithasiselo? Sitshele ku-Twitter ngokusebenzisa u-hashtag #nalibali

### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- **uzothola amacebo ezinto ongazenza ngosuku lomhlaba wonke lokukwazi ukufunda nokubhala**
- **Abavelele ezindabeni: iphrojekthi yomphakathi esebenzela ukuthuthukisa abafundi abangabantu abadala kanye nezingane**
- **Incwajana, *Umlingo kaMama uMabena***
- **Indaba efundwa kakhulu, *Umbala wothando***

Ingabe udinga eminye imithombo yolwazi? I-Nal'ibali ingakusiza! Vakashela ingxenye yemithombo yolwazi kuwebhusayithi ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthole izithombe, izinto zokubekisa, izinhlu zezinto okufanele zenziwe ngesiNgesi, isiXhosa, isiZulu nesiBhunu! Ungasithola naku-Facebook.



We publish *what* we like

Read the original story, *The Zebra and the Hyena*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele.


Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *IDube neMpisi*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi nangesiZulu, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele.

Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za)

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

# The Zebra and the Hyena IDube neMpisi



Lesley Geekie Dawe • Nikki Jones

Zebra was hungry.

'Ooh, I'd love to chew on some long green grass and a mouthful of leaves,' he said to himself. 'And perhaps even some crunchy roots for dessert. That would be delicious!' He licked his lips and set off to look for some.



IDube lalilambile kakhulu.

'Hhowu! Ngihalela ukudla utshani obude obuluhlaza kanti nawo amaqabunga angalunga,' kusho iDube likhuluma ngenhliziyo. 'Mhlawumbe nezimpande eziklamuzelayo zingaba mnandi. Ngeke wasinika esingaboni!' Lathi ukukhotha izindebe zomlomo walo laqhubeka nokuyofuna.

Zebra wandered slowly here and there, pulling at the grass and chewing happily.

'Mmm, this is the life!' he thought as he wandered on and on across the veld, chewing and smiling and munching and crunching.




IDube lalihamba linqampunqampula utshani  
lapha nalaphaya lihlafuna lithokozile.  
'Awuzwake, impilo ke lena!' likhuluma  
ngenhliziyo lizihambela linqamula idlelo  
linganake lutho. Lalihlafuna lize limomotheke  
liphinde lidle liqhoboze.

A big spotted hyena crept up behind Zebra.  
Zebra didn't see the hyena. He didn't hear the  
hyena...but suddenly...he pricked up his ears!  
He didn't turn around but he listened carefully,  
his ears turning this way and that.  
'Hmm,' he said to himself, 'I can hear  
somebody's soft paws padding up behind me.  
It's Hyena. I bet he wants to eat me for lunch!'

IMpisi enkulu emabalabala yacathamela iDube.  
iDube lalingayiboni iMpisi futhi aliyizwanga...  
kodwa ngokuphazima kwehlo...lamisa izindlebe.  
Kodwa alizange liphenduke iDube lama lathula du  
lalalela kahle, izindlebe zazilokhu ziphenduka ziya  
ngapha nangapha.  
'Ngabe yini leyo?' lazibuza licabanga. 'Ngizwa  
izidladla ezintofontofo zingithinta ngemuva.  
YiMpisi. Ngiyazi ifuna ukungenza isidlo sasemini!'







Just as Hyena was about to pounce, Zebra turned around and said quietly, 'I wouldn't do that if I were you. I have stepped on a very long, sharp thorn. If you eat me, it will stick in your throat. It might even kill you!'

'Ugh, I wouldn't like that!' giggled Hyena.

'If you like,' said Zebra kindly, 'I will lift up my hoof and you can pull out the thorn. Then you can eat me.'

'What a good idea!' said Hyena, licking his lips.

Kwathi lapho iMpisi igxuma ilungiselela ukulibamba iDube, laphenduka masinyane iDube lathi,

'Ukuba benginguwe bengingeke ngikwenze lokhu.

Ngiqeda ukunyathela iva elide elihlabayo. Uma ungidla lizonamathela lithi ne emphinjeni wakho.

Lingakubulala futhi!

'Vele, angifuni ukufa!' kugigitheka iMpisi.

'Uma uthanda,' kusho iDube ngomusa,

'Ngizophakamisa inqina lami, wena bese uyalikhapha iva. Ungangidla emuva kwalokho.'

'Umqondo omuhle kakhulu ke lowo!' kusho iMpisi ikhotha izindebe zayo.

Zebra stood still while Hyena looked at his hoof.  
'I can't see anything,' he grumbled. 'Are you sure it's this hoof?'

'I'm sure!' said Zebra. Then suddenly, with a loud WO-WHO, he kicked Hyena as hard as he could.

Ngesikhathi iMpisi ihlola inqina, lama langanyakaza iDube. Impisi yalibheka yalibheka inqina.

'Hhayi angiboni lutho lapha,' kukhononda iMpisi.

'Uqinisekile ukuthi yileli nqina?'


'Ngiqinisekile ngempela!' kusho iDube. Kuwo lowo mzuzu, iDube layikhahlela BHOKLO! iMpisi.



Hyena flew through the air and landed right in the middle of a thorn bush.  
'OOOOO-OOOOW!' he howled.



Yandiza emoyeni iMpisi, izinyawo zabheka phezulu, yaye yawela phezu kwesihlokovana sameva!  
'Awu... awu... awu... awu...!' kukhala iMpisi.



Hyena crawled out of the thorn bush and dragged himself slowly away, picking thorns out of his nose and his paws and his tail. Zebra put his head down to the long green grass and went on chewing and smiling and munching and crunching in the sunshine.

Impisi yaphuma esihlokovaneni sameva inyonyobezela. Yaqala yakhipha ameva ekhaleni, ezidladleni nasemsileni wayo. IDube lafaka ikhanda lalo etshanini obude obuluhlaza, laqhubeka nokuhlafuna limomotheka lidla liqhoboza edlelweni elipholile.

